# IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuphendula imibuzo.

2. Leli phepha linemibuzo EMINE

   UMBUZO 1
   ELOKUFA KALITSHELI MANDLA NDLOVU

   UMBUZO 2
   UVALO – NAKANJANI SIBIYA

   UMBUZO 3
   BENGINGEKE NGISAKWAZI- STHEMBISO KHWELA

   UMBUZO 4
   INDANDATHO- BONGANI MOTAU

3. Abafundi mabaphendule kanje: **Mother Tongue umbuzo 1, 2 no-3**

   **Non-Mother tongue umbuzo 1, 3 no 4**

4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni le mibuzo.

5. Landela imiyalelo esekuqaleni KOMBUZO NGAMUNYE.

6. QALA UMBUZO NGAMUNYE ekhasini ELISHA

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

| IMIBUZO | IZIHLOKO ZEZINDABA | AMAMAKI | AMAKHASI |
|---|---|---|---|
| 1 | ELOKUFA KALITSHELI M.M. NDLOVU | 35 | 3 -4 |
| 2 | UVALO – N. SIBIYA | 18 | 4 – 6 |
| 3 | BENGINGEKE NGISAKWAZI- S KHWELA | 17 | 6 – 6 |
| 4 | INDANDATHO- B. MOTAU | 18 | 7 -8 |

**UMBUZO 1**

**ELOKUFA KALITSHELI- M.M. NDLOVU**

1. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA A**

"Angikhulumi nawe ngikhuluma ngedwa," usho nje selumuthe nke uvalo esezona nje ukuthi nakhu lizoshona ilanga eseyimpumputhe.

Cishe lamenelisa lelo umshayeli ngoba wafaka igiya lejubane wayivuthela itekisi. Yahamba yaze yafika ezimpambanweni zomgwaqo oya eDutch naseGoodhome. Wacela ukwehla uVela, yama itekisi, elokhu embuke lokho umshayeli wayo owayebukeka emhalela. Wehla ecasuke kabi uVela nakhu umshayeli wayesemtshengise inqindi ayibeka esweni ekhombisa ukuthi uzolivala kanjani ngayo. Wakhiphela isibhongo esicabheni asigaklaza yasikaza ukuma itekisi yena waphakamisa izinyawo esesaba nokubheka emuva.

Wehla etekisini wathatha umgwaqo ongakwesokudla ongena eGoodhome njengoba itekisi yayizoqonda eDutch ngaphambi kokungena e-Goodhome. Waqhubeka ngalowo mgwaqo omkhulu wobhuqu wadlula umgwaqo owodwa esinxeleni wabe esejika kowesibili ojikela khona esinxeleni. Wadlula imizi emibili wangena kowesithathu esandleni sokudla. Wavula isango lakhona elakhiwe ngohlaka lombhede. Lavuleka kanzinyana njengoba lalihuhuluza phansi. Wangena ngaphakathi ehamba endleleni eyayithushuzela egcekeni elenile kubukeka kungaphuma uholokoqo lwemamba emnyama.

| | | |
|---|---|---|
| 1.1 | Ubani igama eliphelele lalo owehlika etekisini? | (1) |
| 1.2 | Wayeshaywe ngubani uVela njengoba wayengasaboni kahle nje? | (1) |
| 1.3 | Ngokwalesi siqeshana osifundile yini le eyenza uVela esabe? | (2) |
| 1.4 | Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.<br>Isimo sokukhuluma esilandelayo sichaza….<br>**Wakhiphela isibhongo…**<br>A ukujabulela into<br>B ukudinelwa into<br>C ukufunda into<br>D ukuveza ukudinwa | (2) |
| 1.5 | UNomusa ungumlingiswa omncane kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. | (2) |
| 1.6 | Bhala izizathu EZIMBILI ezenza uMahlase wngamthanda uVela. | (2) |
| 1.7 | Kwakungubani umngani kaVela ayemvakashele ngalolo suku. | (1) |
| 1.8 | IQINISO noma UMBONO ukuthi uVela wafundiswa uBhiza imikhuba emibi ayeyenza. | (2) |
| 1.9 | Isimo senhlalo esitholakala kule noveli sihambisana kanjani nezigameko ezitholakala endabeni? Bhala amaphuzu AMABILI. | (2) |
| 1.10 | Bhala izinto EZIMBILI uVela azethembisa uBhiza uma ebulala ubaba wakhe. | |
| 1.11 | Hlaziya isingeniso sale noveli ngamaphuzu AMABILI. | (2) |

KANYE

**ISIQESHANA B**

“Kahle sibali wasondela kimi manje? Angenze lutho mina , angishisanga ndlu, angintshontshonga lutho futhi…” exhugedza ehlehla nyova.
“Unamanga uzoyikhipha uyibeke la i-*Hi-fi* ne *DVD.* Uma ungafuni ukubona ihlazo, njengamanje khipha le mpahla yami osuyebile ngingaze ngikukhiphe umoya ngalezi izandla.” Inqindi useyifingqile, amehlo ebheke ngqo uVela ongamuhluzwa noma yinini.

“Ngeke-ke nje uze umshaye ngikhona. Qala ushaye mina kuqala ngaphambi kokumshayela into engekho uVela,” UKhethi wangena phakathi kwabo.
“Ngikha-the-le nguwena… “ waqhumisa isiswebhu sempama uNgwane kumkakhe wantantatheka waye wafumbeka phansi.
“Kahle Sibali kanti kwenenjani ngempela?” Wahlehla ngamandla uVela ejeqeza lapho ezophunyuka khona abaleke.
“Ngithi khipha izimpahla zami ozebile Sathane,” wambingelela ngempama eyahlala ebusweni wabona izinhlansi uVela.
“

1.12 Kukwabani isibongo sakulo muzi osesiqeshaneni esingenhla? (1)
1.13 Ubani owantshontsha i-Hi-fi ne DVD okukhulunywa ngayo lapha? (1)
1.14 Obani amagama ezingane zikaKhethiwe? (2)
1.15 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka ngesikhhathi uVela eya esikoleni okokuqala. (2)
1.16 Hlobo luni lodweshu olutholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)
1.17 Ukuzwana kukaVela noSkhulu kwaba namthelela muni empilweni yakhe? (2)
1.18 Umlandi kulesi siqephu ungumuntu wesithathu, fakazela lesi sitatimende. (2)
1.19 Ngokucabanga kwakho ngobani laba abasekhaveni yencwadi? Sekela impendulo yakho. (2)
1.20 Qondanisa lokhu okusohleni A nalokhu okusohleni B.

| Uhlu A | Uhlu B |
|---|---|
| 1.20.1 eDilini | a) Kukhona umuzi kaBonga. |
| 1.20.2 eGoodhome | b) Indawo ekwakusebenza khona oSenzo |
| 1.20.3 eKomgad | c) Igama lesikole lapho kufunda khona uMbali |
| 1.20.4 Fordaville | d) Yindawo enomuzi odayisa izidakamizwa. |

(4)

ISAMBA: 35

**ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFISHANE- IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU- N.J Sibiya**

**UMBUZO 2**

***UVALO* – NAKANJANI SIBIYA**

**2. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**ISIQESHANA C**

Cha, uze uphele -ke umcimbi. Uphela nje kangisezwa lutho mina. Ingqondo yami iside izicabangela uNdumiso nje. Iyangixaka impela nayo le ndaba yami yokushaywa luvalo oluncane uma ngimbona noma ngimcabanga. Kuphunywe-ke lapha ehholo. Sekufanele sibheke lapho esihlala khona noHlengiwe nabanye abafundi lapha eyinivesithi. Sekuthi uma sesisemnyango sibone eseza ngakithina uNdumiso. Afike abingelele ngamahlonyana njengokujwayelekile. Amehlo akhe anokunamathela ngakumina. Nokho. Lungithi thwansu futhi lolo luvadlwana. Ngizwe sengathi ngiphelelwa ngumoya. Hhayi, kuyaqala ukungenza lokhu. Bese engicela uxolo uNdumiso. Athi ukumoyizela kancane." Eyi uxolo Hlengiwe, ngisacela ukuhleba kancane noLungile," esho ethi ukuhloma ikhanda phansi. Angithi jeqe uHlengiwe, ahleke kakhulu. "Hhayi kakukho nkinga Ndumiso. Kasethembe nokho ukuthi kanizukuhleba ngami." Angibheke kancane futhi uHlengiwe. 'Kangingabazi ukuthi uzobuya esekuthelele ngogqozi uNdumiso." "Kawuzwe uHlengiwe. Usungawubiza ngogqozi njalo umsangano ebengiwufunda?"
"Hha, kakukho phela okwedlula lokhu obukwenza. Phela wena ugile izimanga. Kawuboni nje uLungile evuma kalula kangaka ukuxoxa nawe?" aluqhumise futhi uhleko lwakhe umaqinase wansondo. Simshiye-ke, sihambisane noNdumiso. Sihamba nje ngilokhu ngiqalaza ukuthi singahlangani nalo doti owuNtobeko engithandana naye. Senginqume ukumala lowo. Ngeke ngisayimela indaba yakhe yokuhlala edakiwe, ewuxathawane.

2.1 Ubani igama lowesifazane oxoxa le ndatshana engenhla? (1)

2.2 Yini eyenze lo mxoxi wazizwa ethanda uNdumiso kangaka? (1)

2.3 Bhala izinto EZIMBILI ezazingubufakazi bokuthi uNdumiso wayihaya ngokusizengeni eliphezulu inkondlo yakhe. (2)

2.4 UNdumiso wayefunda inkondlo ekhuluma ngani? (2)

2.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.
Athi **ukumonyozela** uNdumiso,
A. Ukuhleka kakhulu.
B. Ukudinwa.
C. Ukuhleka ngamahlonyana.
D. Ukuhleka kabi. (2)

2.6 Umlobi uyilandelile imigomo yendaba emfushane. Sekela lokhu ngokubhekisa enanini labalingiswa. (2)

2.7 Chaza isizathu esenza uLungile angamthandisisi uNtobeko? (1)

2.8 Chaza udweshu olutholakala kule ndatshana ngephuzu ELILODWA. (2)

2.9 Ubizwa ngani umuntu owethula/ ohaya inkondlo? (1)

2.10 Ukubona kufanele yini ukuthi uLungile ale isoka lakhe ngoba nakhu lihlale lidakiwe futhi lingagezile? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

2.11 Phawula ngesiphetho sale ndatshana ngamaphuzu AMABILI. (2)

**[18]**

**UMBUZO 3**

***BENGINGEKE NGISAKWAZI* – STHEMBISO KHWELA**

**3. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**ISIQESHANA D**

"Hhayi mzala. Akukho muntu lapha", kusho uThembi. "Ngeke alale ekhanyisile." Bathule bacabange, babukane emehlweni sezibhalwe ebusweni bukaThembi izinsolo zokuthi akekho kwakhona ekamelweni lapho, udlubulundele kuleso sikhala sokuhamba kukanina waziyela esokeni. Kulowo mzuzu sekuthe hluthu kuManduli abone kukuhle ukuthi ake aphumele ngaphandle ajikele ewindini lekamelo likaNtombi ayolunguza ngalo. Amlandele uThembi ehushuzela ne-*gown*." Hhawu, ngenhlanhla alivaliwe. Afake isandla, aphenye ikhethini.
"Maye!"
"Yini mzala?"Akabange esaphendula uMaNduli, wamane wathi vu phansi. Alale athi ja. Asondele noThembi afake isandla aphenye ikhethini. "Shwele Msindisi! Kanti kwenzakalani kwaSikhosana?" Aphinde aphenye ikhethini. Maye! Useze wawugodo uNtombi elenga entanjeni, ulimi seluthululeke lonke ngaphandle. Amehlo aseqhansele ngaphandle okwawenkalankala. Ahlabe umkhosi uThembi khona uMaNduli esacinyelwe yizibani kanjalo. Batheleke omakhelwane bakhahlele umnyango uthi gembeqe. Bamehlise uNtombi osebanda qa. Nansiya incwadi ebekade eyibhala ibekwe phezu kombhede. Ayithathe uMaNduli ayifunde.

3.1 Bakuphi laba abaxoxa esiqeshini esingenhla? (1)

3.2 Uxoxa nobani uMaNduli kule ndatshana? Bhala igama nobuhlobo. (2)

3.3 Lingubani igama lomyeni kaMaNduli? (1)

3.4 Tomula umusho osesiqeshini okhombisa ukuthi uMaNduli wavele waquleka ngayekubone ekamelweni likaNtombi. (2)

3.5 Bala izinto EZIMBILI ezikhombisa ukuthi le ndaba yenzeka ngenkathi yamanje. (2)

3.6 Le ndaba yenzeke ngesikhathi samanje. Fakazela lesi sitatimende ngezibonelo EZIMBILI. (2)

3.7 Yini engenziwa abazali ukugwema isimo esenzeka kuNtombi? Bhala amaphuzu AMABILI (2)

3.8 Bhala ngamaphuzu AMABILI izeluleko owawungazinika uThemba ukugwema ukuzibulala. (2)

3.9 Bahlobene kanjani laba abalandelayo:

| | | |
|---|---|---|
| 3.9.1 uThemba | (a) uMaNduli | |
| 3.9.2 uManduli | (b) uNtombi | |
| 3.9.3 uThembi | (c) uMaNduli. | (3) |

**UMBUZO 4**

**INDANDATHO-B MOTAU**

**4 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**Isiqeshana E**

Ngiqale ngazitshela ukuthi uyazintelela nje uNjabulo kwaze kwaba ngiyabona ukuthi uzimisele kangakanani. Le ndandatho ayiyi ndawo. Bugqemeke ingozi ngempela lobu budlelwano ebenginabo…. Noma angithi ebengicabanga ukuthi nginabo. Umngani wami uThabile, odadewethu nabanye nje abantu besifazane engijwayelene nabo babona ngendlela engibona ngayo ngaphandle kukamfowethu nabazali bami. Ngiyehluleka ngempela ukwamukela into enje futhi ukwazi ukuthi uNjabulo akazimisele kangakanani ngokuguquka kwakucabangayo ngale ndandathokuthikameza yonke injabulo enginayo kulobu budlelwano.

"Lolu lungolunye lwezimpawu eziyinkomba yokuthi awuzukuba wedwa endodeni, umkakhe uzobelokhu eyingxenye yomshado wakho." Lona umbono engihlezi ngiwuthola cishe kuwo wonke umuntu engisondelene naye engike ngigonyuluke kuye ngalolo daba.

"Kukuwe-ke sisi ukuthi uthambise inhliziyo umamukele umufi njengengxenye yomshado wakho." Ngumngani wami uThabile enikina ikhanda .

4.1 Ubani igama likamlingiswa omkhulu kule ndatshana. (1)
4.2 Yenzeka kuliphi ilokishi le ndaba? (1)
4.3 Obani ababe ababengahambisani nesinqumo sokushada sikamlingiswa omkhulu? (2)
4.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Umlandi kule ndaba ungumlingiswa …
A wesithathu
B wokuqala
C wesine (2)
D wokuqala
4.5 Phawula ngesingeniso sale ndatshana ngamaphuzu AMABILI. (2)
4.6 Hlobo luni lodweshu olutholakala kulesi siqeshana? (2)
4.7 UNjabulo wahlangana kuphi noLondiwe. (1)
4.8 Babenza msebenzi muni uLondiwe noThabile (1)
4.9 Ngokucabanga kwakho, kungani abazali bakaLondiwe babemkhuthaza ukuba ashade. (2)
4.10 Wena wawungameluleka ukuba enzenjani uLondiwe kule nkinga abhekene nayo? (2)
4.11 Le ndaba yenzeka esikhathini samanje. Fakazela lokhu ngamaphuzu AMABILI. (2)

**(18)**

